Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Leli phepha lehlukaniswe IZIQEPHU EZINTATHU.

| | |
|---|---|
| ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA: | (40) |
| ISIQEPHU B: UKUFINGQA: | (10) |
| ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI: | (20) |

2. Fundisisa YONKE imiyalelo ngokucophelela.

3. Phendula Yonke imibuzo ekuleli phepha.

4. Qalisa isiqephu NGASINYE ekhasini ELISHA.

5. Hlukanisa ngokudwebela emuva kwesiqephu.

6. Bhala izinombolo njengoba zisetshenziswe ephepheni.

7. Yeqa umugqa emuva kombuzo ngamunye.

8. Qaphela isipelingi kanye nokwakhiwa kwemisho.

9. Ungasebenzisa isikhathi sokubhala ngale ndlela elandelayo:

   ISIQEPHU A: Imizuzu engama-50
   ISIQEPHU B: Imizuzu engama-30
   ISIQEPHU C: Imizuzu engama-40

10. Bhala ngobunono nangesandla esibonakalayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

Fundisisa **UMBHALO A** ubuye ubukisise **UMBHALO B** bese uphendula imibuzo elandelayo.

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

**UMLILO**

1. KwakunguMsombuluko zimbili enyangeni kaMasingane ngesikhathi kubikwa umlilo owawusha ubuhanguhangu ePhalamende laseNingizimu Afrika. Ngokusho kosibhinca makhasane bathi lo mlilo waqubuka ngesonto ebusuku, ngenxa yomoya owawuvunguza kwaba nzima ukuthi izicishamlilo zinqande ukubhebhetheka kwamalangabi. Iphalamende iyona ndawo esingayifanisa nenhliziyo yesizwe. Ilapho kushaywa khona imithetho elawula izwe lethu. Ukusha kwendawo ebaluleke kangaka kwashiya izakhamuzi zizibuza ziziphendula ukuthi ngempela ngabe siphephe ngokwanele yini uma kuzobalula ukuthi kusuke umuntu okhele umlilo.

2. Siyizakhamuzi zaseNingizimu Afrika siyazibuza siyaziphendula ukuthi ngempela ngabe obani laba ababebase umlilo esiwubona uvutha ubuhanguhangu? Isimo somnotho simanzonzo, intengo kaphethiloli inyuke ngendlela engachazeki, isizwe sisazikhotha amanxeba ngesifo seCovid-19 esigadle kwezwakala. Ububha kanye nokungabi bikho kwamathuba emisebenzi kushiye wonke umuntu ebambe ongezanzi. Kepha ngisho sezibaliwe izinkinga eziyindathane, ake sibheke le nkinga ekhungethe izwe lethu. Inkinga enkulu esingayilinganisa nokubhubha kwezwe yilena yemililo. Ilizwe liphenduka umlotha ngenxa yemililo eqotha imbokodo nesisekelo. Obani ngempela laba bantu abokhela leli lizwe lethu esilithanda kangaka?

3. Singofakazi futhi sibonile ngesikhathi kubhilide ukulutha, kungqongqe amabhizinisi, kwasha izimboni, kwawohloka izakhiwo zikaHulumeni, kwavutha izinxanxathela zezitolo, konke lokhu kwenziwa umentshisi. Sisibonile isibhakabhaka sigcwele intuthu emnyama bhuqe isilongana emafini. Sibe yizibukeli, sakha umkhaya sibona izwe lethu lisiphendukela sibhekile. Baningi abantu abalahlekelwe imisebenzi. Iningi labo le misebenzi babeyithole kanzima emva kweside isikhathi. Abanye babefunde kanzima bezikhandla ukuze bathole le misebenzi. Umlilo uphuce abantu isinkwa. Umlilo esingeke siwubize ngenhlekelele yilona ophenjwa ngesibomu bese ubulala abantu abaningi. Kukhona abafe imfakabili. INingizimu Afrika izwe elisathuthuka. Ingqalasizinda yezwe lethu isadinga ukuphuculwa ukuze abatshali bezimali babe nomdlandla wokuzovula izimboni kwande amathuba emisebenzi. Kufanele sikuqonde ukuthi lo mlilo ovutha ubuhanguhangu uxosha intuthuko, imisebenzi, uzinzo ezweni kanye nokukhula komnotho.

4. Izimoto ezinkulu ezithwala izimpahla sizibonile nazo zisha. Lo mkhuba ubuwenzeka kakhulu ezifundazweni ezimbili, esaKwaZulu-Natali kanye nesaseGauteng. Kucwebe iziziba ngoba kuze kube manje akekho noyedwa umuntu oboshiwe. Imboni yezokuthutha ihlalele ovalweni ngenxa yokuthi kumele kube neziteleka kanye nezibhelu bese kuthungelwa amabhasi kanye namatekisi athutha umphakathi. Lolu khondolo olubi lokucabanga ukuthi izinkinga zixazululwa ngomentshisi, lumele luqedwe kanye nezimpande zalo. Abantu kumele bafundiswe ukuthi ukwakha kunzima kanti ukubhidliza kulula. Into oyakhe iminyaka eminingi, ingashabalala ngomzuzwana ngenxa yomlilo. UHulumeni akakhuze lo mkhuba omubi kangaka wokushisa. Amaphoyisa awabophe laba bantu abathungela izingqalasizinda. Kumele sibone nabafundisi bezenkolo bekhuza lo mkhuba wokushisa umlilo. Izinduna, amakhosi kanye namakhansela kumele baxwayise imiphakathi ngobubi bokushisa ngomlilo. Ezikoleni ake kufundiswe abafundi ngobungozi obudalwa ukushisa umlilo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

**5.** Kukhona umlilo oqubuka ngenxa yezinhlekelele ezidalwa imvelo. Isimo sezulu singenye yezimbangela zokuqubuka komlilo. Uma izulu liduma, umbani ungadala ukuthi kokheleke utshani nezihlahla. Umbani uyathanda ukushaya uphindelela **esishozini**. Ezindaweni ezisemapulazini, lapho kulinywa kuphinde kufuywe khona yizona ezivame ukusha. Kunzima kakhulu ukunqanda lo mlilo ngoba kusuke kuyinhlekelele kungasiwona umlilo wamabomu. Lokhu kuvame ukwenzeka ngezikhathi zasebusika ngoba utshani busuke bomile khweqe buthungeleka kalula. Kwamanye amazwe sike sizwe ukuthi kuqubuke intabamlilo kwasha kwasani. Ngenxa yokuthuthuka kobuchwepheshe, osoSayensi sebeyakwazi ukuqagula uma kuzoba nentabamlilo. Ukufa kwabantu kuyagwemeka ngoba kusheshe kuhlatshwe umkhosi abantu bafudukele ezindaweni eziphephile. Kwesinye isikhathi kuba semuva kwendaba intaba mlilo isikhihlila amabhola amalangabi kungasekho nokwenza izaba zokusindisa abantu.

**6.** Kukhona nemlilo esingathi ishiswa ngendlela ehlelekile noma ngenhloso. Kunesikhathi sokubabela umlilo. Ezinye zezizathu zokubabela umlilo ukuthi kunqandwe amazeze, izinambuzane ezihlupha imfuyo kanye nezilwane zasendle. Isikhonyana asifiki sibhuqe izitshalo nezithelo uma utshani buke bashiswa. Ukushisa okuhle lokhu ngoba kunezinhloso ezinhle. Utshani obudala buyashiswa kuze kumile utshani obusha. Ukubabela umlilo kuyasiza ukugwema imililo yequbula. Abalimi bomoba bayawushisa umoba ukuze kuzosha amahlamvu kusale iziqu eziyizindukwana okuyizona ezigaywayo ukuze kuphume ushukela.

**7.** Ubudedengu, uphuzo oludakayo kubonakala kuyiyona mbangela yokuthi kushe izindawo ezihlala abantu ezibizwa ngokuthi isezakhiweni la ezweni lakithi. Kukaningi sibona komabonakude, sifunda nasemaphepheni, sizwe nasemsakazweni ukuthi imijondolo isiphenduke umlotha ngenxa yesibani, imbawula kumbe izintambo zikagesi ezingumkokotelo. Umlilo uyabhubhisa, uletha ububha nenhlupheko. Asiyeke **ukudlala ngomlilo .**

[Umbhalo wokuziqambela]

Downloaded from Stanmorephysics.com

**IMIBUZO YOMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1.1 Waphuma nini umbiko wokusha kwePhalamande laseNingizimu Afrika? Bhekisa impendulo yakho esigabeni soku-1. (2)

1.1.2 Shono izinkinga **EZIMBILI** kulezi ezibalwe ngumbhali walesi siqephu ezishiye wonke umuntu ebambe ongezansi. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-2. (2)

1.1.3 Fingqa ngamaphuzu **AMANE** umonakalo odalwa umentshisi la eNingizimu Afrika. Bhekisa impendulo yakho esigabeni sesi-3 nese-4. (4)

1.1.4 Chaza ukuthi onjani umlilo osha ubuhanguhangu. (2)

1.1.5 Eshozini yilapho………………….. (1)

Khetha impendulo eshaya emhloleni**.**

A. Kufele khona izinkomo.

B. Kushaye khona umphezulu.

C. Kushiwe khona utshani.

D. Kuthungelwe khona umlilo.

1.1.6 Ucabanga ukuthi kungaba yini umphumela uma abahlala ezakhiweni besebenzisa umlilo ngobudedengu? (2)

1.1.7 Ngabe izenzo zokuthungela izithuthi zomphakathi ngomlilo zinamthelela muni emphakathini. (2)

1.1.8 Ngokwakho ukubona yikuphi okufanele kwenziwe uHulumeni ukuvimbela umphakathi ukuthi ungashisi izithuthi zokugibela uma kuneziteleka? (2)

1.1.9 Ake uncome umbhali ngokusebenzisa amazwi adwetshelwe esiphethweni sale ndaba. (3)

**[20]**

**KANYE NO**

**IMIBUZO YOMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 Shono imbangela yomlilo ovutha esithombeni soku-1 nesesi-3. (1)

1.2.2 Chaza umonakalo ongadalwa umlilo osesithombeni soku-1 (2)

1.2.3 Ucabanga ukuthi uzoba yini umphumela wokwenzeka esithombeni sesi-4. (2)

**[05]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU B: UKUFINGQA**

**UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO**

Lesi siqeshana esilandelayo (**UMBHALO C**) sikhuluma ngezinto okufanele siziqikelele uma sihamba nezingane.

**IMILAYEZO**

1.Amagama angeqi kwamagama-70

2.Fingqa **ngesigaba**

3.Ungabe usabhala sihloko uma usufingqa lesi siqeshana.

4.Bhala inani lamagama owasebenzisile ekugcineni kwesiqeshana osifingqile.

**IZINTO OKUFANELE SIZIQIKELELE UMA SIHAMBA NEZINGANE**

Ziningi izinto okufanele siziqaphele uma sihamba nezingane. Kukhona abazali abatotosa izingane. Ake kwenzeke inganikezwa ekufunayo, iyakhala izibhuqe phansi, kuphume kuqhasha ekufunayo. Ingane nje ikhula yazi ukuthi indlela yokucela okuthile kumzali ukukhala. Fundisa ingane indlela yokucela ukuze ingakuhlazi uma uhamba nayo. Kuba ihlazo uma isiklabalasa phakathi ezitolo, ikhomba lokhu nalokhuya.

Uyaye uthole ihamba ingcolisa abantu ngezicathula ibadovadova. Uthole ukuthi izicathulo ezigqokile zinodaka ngaphansi. Hlalisa izingane izinyawo zayo zibheke phambili. Ingane ehlezi kuwena kumele ingahlali ngendlela yokuthi izinyawo zayo zibheke emacaleni. Lokhu kwenza inyathele abantu ohleli phakathi kwabo.

Uthini ngabazali abathemba kwasani abahlangana nayo endleleni? Umuntu abe nesibindi sokuthemba umuntu aqala ngqa ukumbona ukuthi amphathele ingane yakhe ngesikhathi esaya endlini yangasese. Athi uyabuya, itshe lome inhlama. Gwema ukunikeza ingane yakho kunoma ubani ongamazi. Izingane ziyantshontshwa. Siyafunda ngalokhu ngisho nakumabonakude. Onjani –ke umzali oba budedengu ngengane yakhe?

Kukhona abazali abancenga izingane zabo ngoswidi ukuba zingabahluphi uma bephakathi kwabantu. Ingane ithi ingawuthola uswidi, ijabule ife. Ithi ingakhathala ukuwumunca, ininde ngawo abantu abaseduze nayo. Ungayinikezi ingane uswidi uma uphakathi kwabantu. Incolisa wena kanye nabantu abahlangene nayo.

Bamba ingane yakho ngesandla enxanxatheleni yezitolo ukuze ingaduki. Baningi abazali bekhala ngezingane ezilahleka enxanxatheleni yezitolo. Ingane igijima imshiye ngemuva umzali ize iphele emehlweni akhe. Kulowo mzuzu kube ukulahleka kwayo.

Downloaded from Stanmorephysics.com

Bakhona nabazali abateketisa izingane kuze kweqe. Umzali athi esethenge lokho abeyokuthenga esitolo, akhiphe imali ayinike ingane kuze ikhokhe. Akhohlwe ukuthi izigebengu zigcwele ezitolo. Ngokuphazima kweso nje imali isiphuciwe ingane. Ungalokothi unikeze ingane imali yokukhokha esitolo. Baphelile abantu izigebengu ezihlwitha imali yabantu ezitolo ezinkulu.

Ukushayela ugone ingane kuphambene nomthetho wokushayela. Nokho-ke bakhona ondlebekazizwa abaphambana nalo mthetho. Ungashayeli ugone ingane uzoba ukudla kwamaphoyisa. Isalakutshelwa sibona ngomopho. Izingane asizinakekele.

**[10]**



Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

Fundisisa lesi sikhangisi **(UMBHALO D)** bese uphendula imibuzo ezondelayo

**UMBHALO D**

**WOZA UZOTITILIZA AMATEKI e- TEKKIE SHOP**

Gqoka amateki ephupho lakho ngamanani amangalisayo!







**PHUTHUMA!**

Abangama – 20 bokuqala bazothola i-*sneaker cleaner* MAHHALA!

Sicela ufike, amateki azobe **ebuthwa phansi.**

Usuku: 28–29 Novemba 2022

Isikhathi 07:00 ekuseni–17:00 ntambama

Amateki abesilisa nawabesifazane azobe eqala ngama-R250–R500

**IMBILA YASWELA UMSILA NGOKUYALEZELA**

Shop 126
Bertha Mkhize Street
Durban
4001
Ucingo: 031 304 3565

Isikweletu asivumelekile.

3.1 Tomula umusho onolimi oluncengayo kulesi sikhangisi. (1)

3.2 Nikeza igama lokukhangiswayo kulesi sikhangisi. (1)

3.3 Chaza igama lendawo okutholakala kuso lesi sitolo
. (2)

3.4 Bhala incazelo yamagama abhalwe ngokugqamile kulo musho olandelayo:
Amateku azobe **ebuthwa phansi** (2)

3.5 Ngabe isaga esithi "Imbila yaswela umsila ngokulayezela" sisetshenziselweni? (2)

3.6 Phawula ngokusetshenziswa kwezithombe kulesi sikhangisi. (2)
**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 4 OKUHUMUSHA IKHATHUNI**

Fundisisa lesi sikhangisi **(UMBHALO D)** bese uphendula imibuzo ezondelayo

**UMBHALO E**




**Icashunwe ku solozwe okthoba 2011**

4.1 Wenzani lona oguqile kule khathuni? (1)

4.2 Nciphisa igama: 'umthandazo' (1)

4.3 Kungani lo muntu okukhathuni engenhla ethi lo othandazayo udlala ngomthandazo? (2)

4.4 Khetha impendulo efanele kulezi onikezwe zona (1)
Ukulova esikoleni kusho ukuthi
A. ufika ekuseni esikoleni,
B. awuyi esikoleni,
C. uya njalo esikoleni).

(5)

**ISAMBA** **[15]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI**
**UMBHALO F (OFUNDWAYO)**

Fundisisa lesi siqeshana esingezansi bese uphendula imibuzo elandelayo.

Impilo ayikho kumuntu odla izinkukhu ezikhuliswe ngemijovo. Izinkukhu ezikhuliswe ngemijovo yizona ezisakha sibe abantu abantekenteke, siguliswe ubala siphinde sifune ukuyojovwa **odokotela**. Isikhathi esiphila kusona sinzima ngoba zonke izinto zingumkokotelo. **Inkomo le awusoze wafunga ukuthi iyinkomo yangempela ngoba ikhuliswa ngezinyanga eziyisihlanu**. Inkomo enjani ekhuliswa ngezinyanga eziyisihlanu

Inkomo ijovwa ngamakhemikhali ahlolisisiwe ukuze ikhule ngokushesha. Umuntu odla inyama yenkomo ekhuliswe ngamakhemikhali usuke engadli inyama yenkomo yangempela kepha usuke esedla namakhemikhali azogcina emgulisa.

Ukugula okungaka kubangwa ukudla okunamakhemikhali ngoba eqinisweni ukudla okuningi esikudlayo kunamakhemikhali. Ngenye indlela kusho ukuthi abantu ukugula bakufaka nsuku zonke emizimbeni yabo. Lokhu kwenza ukuthi odokotela basebenzele emuva ungabonakali umsebenzi wabo. Umphumela walokho kuba wukuthi abantu baphile isikhathi esifushane. Athi umuntu esemusha kodwa abukeke njengomuntu osekhulile osefanelwe wukuhola impesheni. Baqinisile abadala uma bethi akulula ukwazi ukuthi ukuguga kukufikela nini.

5.1 Tomula igama eliyinhloko yomusho emshweni woku-1 (1)

5.2 khipha imisho emibili eqondile kanye nesihlanganiso emshweni ogqamile osemgqeni wesi-4 kuya kowesi-5. (3)

5.3 Bhala isifinyezo segama elibhalwe ngokugqamile emshweni wesi-3. (1)

5.4 Egameni elidwetshelwe emgqeni we-12 bhala isinciphiso salo uphinde usho isijobelelo esisetshenzisiswe. (2)

5.5 Faka uphawu lokuloba olufanele emshweni wesihlanu odwetshelwe. (1)

5.6 Isimo sokukhuluma esidwetshelwe emgqeni we-11 sinayiphi incazelo? (2)

**[10]**

**AMAMAKI ESEWONKE EPHEPHA: 70**

Downloaded from Stanmorephysics.com

**ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA**

**UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA**

**UMBHALO A (OFUNDWAYO)**

1.1.1 Umbiko wokusha kwePhalamende laseNingizimu Afrika waphuma ngoMsombuluko mhla zimbili enyangeni kaMasingana. (2)

1.1.2 Isimo somnotho esimanzonzo.
Intengo kaphethiloli enyuke ngendlela engachazeki.
Isizwe sisazikhotha amanxeba ngesifo seCovid esigadle kwezwakala.
Ububha, indlala kanye nokungabi bikho kwamathuba emisebenzi.
(Okubili kwalokhu okungenhla) (2)

1.1.3 Umentshisi udale umonakalo olandelayo:
Ushise amabhizinisi,izimboni, izakhiwo zikaHulumeni, kanye nenxanxathela yezitolo.
Uxoshe intuthuko, imisebenzi, uzinzo, ezweni kanye nokukhula kwengqalasizinda.
Ushise izimoto ezinkulu ezithwala impahla.
Uthungele amabhasi kanye namatekisi athutha umphakathi. (4)

1.1.4 Umlilo osha ubuhanguhangu umlilo osha ungavimbeki. (2)

1.1.5 B/Kushaya khona umphezulu. (1)

1.1.6 Ngicabanga ukuthi kungaba nomphumela omubi ngoba umlilo ungathungeleka kuzo zonke izakhiwo abantu balahlekelwe izimpilo kanye nezimpahla zabo.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

1.1.7 Imiphakathi izoswela izithuthi zokuhamba nsuku zonke. (2)

1.1.8 UHulumeni kumele alalele izikhalo zabantu bese ebanika lokhu abakudingayo ukuze bangashisi umlilo ozodala umonakalo/ Uma kunemibiko yeziteleka uHulumeni kumele asheshe atshale amaphoyisa ukuze iziteleka zizonqandeka zingakaqali.
(Nezinye izimpendulo ezinembayo ziyokwamukelwa) (2)

1.1.9 Umbhali uwasebenzise kahle la mazwi ayisisho esichaza ukusukela ingozi izihlalele\ Umbhali usixhwayisa ngokuthi umlilo uyingozi singawusukeli uzihlalele. (3)

[20]

**KANYE NO**

**UMBHALO B (OBUKWAYO)**

1.2.1 Umlilo osesithombeni soku-1 ubangwe ngumuntu ngamabomu kanti umlilo osesithombeni sesi-3 ubangwe ngumlimi ngendlela ehlelekile ngoba uwugadile futhi ushisa insimu ngoba eshisa amahlamvu. (1)

1.2.2 Umonakalo ongadalwa umlilo osesithombeni soku-1 ukushona kwabantu kanye nezimpahla ezahlukahlukene. (2)

Downloaded from Stanmorephysics.com

1.2.3 Umphumela wokwenzeka esithombeni sesine ukuthi izilwane zizofa okanye zithole izifo ezahlukahlukene. Imfuyo izophinde iswele utshani bokudla. (2)

**[5]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 25**

## ISIEPHU B: UKUFINGQA

**UMBUZO 2**

**UMBHALO C**

| **Amaphuzu acashuniwe** | **Amaphuzu ahunyushiwe** |
|---|---|
| Fundisa ingane indlela yokucela ukuze ingakuhlazi uma uhamba nabantu. | Ingane ifundise ukucela ukuze ingakuhlambalazi ebantwini. |
| Hlalisa ingane izinyawo zayo zibheke phambili. | Izinyawo zengane yakho maziqonde phambili |
| Gwema ukunikeza ingane kunoma ubani ongamazi. | Ungayinikezi ingane umuntu oqala ukumbona. |
| Ungayinikezi ingane uswidi uma uphakathi kwabantu. | Gwema ukunikeza ingane uswidi uma nisebantwini. |
| Bamba ingane ngesandla enxanxatheleni yezitolo. | Ingane yibambe ngesandla uma nisezitolo. |
| Ungalokothi unikeze ingane imali yokukhokha esitolo. | Gwema ukunika ingane imali yokukhokha esitolo. |
| Ungashayeli ugone ingane uzoba ukudla kwamaphoyisa. | Ungalokothi ushayele ugone ingane uzoboshwa. |

Stanmorephysics.com

**UKUFINGQA NGESIGABA**

Ingane ifundise ukucela ukuze ingakuhlambalazi ebantwini. Izinyawo zengane yakho maziqonde phambili. Ungayinikezi ingane umuntu oqala ukumbona futhi gwema ukunikeza ingane uswidi uma nisebantwini. Ingane yibambe ngesandla uma nisebantwini phinda ugweme ukunika ingane imali yokukhokha esitolo bese ungalokothi ushayele ugone ingane ngoba uzoboshwa.

**AMAKHODI OKUMAKA UKUFINGQA**

**H-7**
**C-7**
**L-3**

**[10]**

Downloaded from Stanmorephysics.com

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

### UMBUZO 3: UKUHUMUSHA ISIKHANGISI

**UMBHALO D**

3.1 Abangama-20 bokuqala bazothola i-Sneaker cleaner MAHHALA! (1)

3.2 Kukhangiswa ngamateku abesilisa kanye nabesifazane. (1)

3.3 Shop 126
Bertha Mkhize street
Durban
4001 (2)

3.4 Amateku azobe ebiza imali encane/intengo encane. (2)

3.5 Lesi saga sigqugquzela abathengi ukuthi baphuthume bayothenga amateku engaze aphele ngoba abiza kancane. (2)

3.6 Umbhali ukhangisa ngamateku waphinde wasivezela izinhlobonhlobo ezahlukene zamateku ukuze abathengi bawabone ukuthi amateku anjani okukhulunywa ngawo. (2)

(10)

### UMBUZO 4 UKUHUMUSHA IKHATHUNI

Fundisisa lesi sikhangisi **(UMBHALO D)** bese uphendula imibuzo ezondelayo

**UMBHALO E**

4.1 uyathandaza
4.2 umthandazwana
4.3 Izimpendulo ziyohluka :ingoba ubekade elova, edlala engayi esikoleni edelela nothisha ebhanka amaklasi
4.4 B

**(5)**

**ISAMBA [ 15]**

### UMBUZO 5: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

**UMBHALO (OFUNDWAYO)**

5.1 Impilo (1)

5.2 Inkomo le awusoze wafunga ukuthi iyinkomo yangempela. (1)

Inkomo ikhuliswa ngezinyanga eziyisihlanu (1)

Ngoba (1)

